GOVERNMENT EMPLOYEES PENSION FUND

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

GEPF NEWS

THE OUTSTANDING PERFORMANCE IN THE BEST NEWSLETTER CATEGORY OF THE ANNUAL COMMUNICATION CHALLENGE BY INSTITUTE OF RETIREMENT FUNDS

Iphepha lombiko wezindaba lango-December 2009 lamalunga abantu abahola Impesheni Yesikhwama Sabasebenzi BakaHulumeni

Umbiko wethu wokugcina wonyaka: funda konke ngawo

Ekupheleni kukaLwezi kowezi-2009, iGEPF ishicilele umbiko wayo wonyaka wezimali ophela zingu 31 kuNdasa kowezi-2009. Ukuze kusizakale abahola impesheni, le ncwajana eyaziwa nge-GEPF News iphethe amazwibela abalulekile asukela embikweni wonyaka, lokhu kufaka nomyalezo kaSihlalo owehle esihlalweni weBhodi labaGcinimafa. Abahola impesheni abangathanda ukufunda umbiko wonyaka ophelele bangawuthola kwiwebhusayithi ye-GEPF ethi: www.gepf.co.za

Ngezansi kunesifingqo sombiko kaSihlalo weBhodi labaGcinimafa, esilandelwa yizifingqo zemibiko yoMsebenzi oMkhulu weSikhwama kanye neSikhulu esiphezulu.

IBhodi labaGcinimafa ligcina izithembiso kwabahola impesheni

Ngikhulumela iBhodi labaGcinimafa, ngineqholo ukumbikela esibambisene nabo ngokusebenza kweSikhwama ngonyaka ophele zingama-31 kuNdasa kowezi- 2009.

Njengoba ngabika ngonyaka owedlule, iBhodi likholelwa ekusebenziseni izithelo ezikhiqiziwe ezikhathini ezinhle ukuhlinzekela izikhathi ezimbi. Ngalesi sizathu, sesihlele ngaphambi kwesikhathi sokwehla komnotho ngokubeka eceleni u-R42 billion ukuhlangabezana nokuntengezela kwezimakethe kanye no-R57 billion njengenqolobane yokwenyuswa kwempesheni.

Le ndlela iveze ukubaluleka kwayo ngonyaka obukezwayo: iBhodi lakwazi ukugcina irekhodi lalo lokukhipha ukwenyuka kwezimpesheni kwaminyaka yonke nokusiza ukunxephezela abahola impesheni ekwehleni komnotho.

Ukwenyuswa kwezimpesheni okuvunyelwane ngakho
Oshintshweni lukaMbasa kowezi-2009, sivume ukwenyuswa kwempesheni ngama-9% kwabahola impesheni abathatha umhlalaphansi ngaphambi noma mhla lu-1 kuMbasa kowezi-2008, bese kuthi labo abathatha umhlalaphansi emva kwamhla lu-1 kuMbasa kowezi-2008 bathola ama-0,75% kuleyo naleyo nyanga kusukela ngosuku lokuthatha umhlalaphansi kuya mhla zingama-31 kuNdasa kowezi-2009. Siphinde sabheka udaba lwabahola impesheni abazimali zabo zingaphansi kwemali ekhokhwa ngesikhathi sokuthatha umhlalaphansi ngokukhokha leyo mali ezovala lokho. Laba abahola impesheni bathola imali eyenyukile eze yafika kuma-10, 5% ukubhekana nokwehla nokwenyuka kwamandla emali kusukela esikhathini sokuthatha umhlalaphansi.

IBhodi labaGcinimafa laphinde laqinisekisa amalungu kanye nabahola impesheni ukuthi iSikhwama sisaqhubeka nokuba ngesinemali ezwakalayo. Njengawo wonke umphakathi wokutshalwa kwezimali, izimali ezitshaliwe zeGEPF zathinteka ngenxa yokwehla kwamandla omnotho, nezimpahla eziphethwe ziyisamba esingu-R639 billion ngoNdasa kowezi-2009 uma uqhathanisa no-R707 billion ngoNdasa kowezi-2008. Kodwa-ke, akukaze kube nokungabazeka kokuba nemali ezwakalayo kweSikhwama, nokuthi kube nengxenye yezinzuzo zempesheni ezithinteka ngendlela engeyiyo. Sakucacisa ukuthi iSikhwama siqinile futhi siphephile, nokuthi izinzuzo zamalungu zigarantiwe.

Saphinde sagcina isithembiso sethu sokushintsha umumo we-GEPF ukuphucula ukukwazi kwethu ukusebenzela amalungu nabahola impesheni. Ushintsho luzoholela ekwehlukaneni kwemisebenzi kahulumeni nemisebenzi yokuphathwa kwempesheni. Lolu wuhlelo olunezindlela ezingcono embonini yesikhwama sempesheni emhlabeni jikelele.

Ukwethulwa kwezindlela ezingcono
Isinyathelo sokuqala esibheke kulolu shintsho sathathwa lu-1 kuNhlangulana kowezi-2008, ngesikhathi iBhodi labaGcinimafa likhetha uMsebenzi oMkhulu, oyiNhloko yokutshalwa kwezimali nezamabhizinisi kanye neNhloko yokuHambisana neMithetho, kanjalo noNobhala omkhulu weBhodi. Beholwa nguNk Maemili Ramataboe, uMsebenzi oMkhulu, leli qembu lisiza iBhodi ukuqinisekisa ukuthi yonke imithetho nezimiselo kulandelwa ngokugcwele, amagunya okutshalwa kwezimali ayabhekwa kuphinde kuhlangatshezwane nabo kanjalo nendlela yokuphatha nokubheka nje kuphuculwe.

Ukuphucula ukulethwa kwemisebenzi
Ukuqhubekela phambili, umsebenzi obalulekile weqembu loMsebenzi oMkhulu kuyoba wukubheka isivumelwano sezinga lomsebenzi esiyongena kokwenziwelwa ingxenye zokuphathwa izimpesheni uma sezisunguliwe. Lesi sivumelwano, esiyophothulwa kowezi-2009/10, siyoba nezinto okubhekiswe kuzo sokwethulwa kwemisebenzi, lokhu kufaka nezikhathi ezingunqamlajuqu zokusetshenzwa nokukhokhwa kwezinzuzo.

Ngonyaka obukezwayo, iBhodi labaGcinimafa laqalisa ukulungiselela ukuphela kwesikhathi sabo esiyiminyaka emine sokusebenza, livula indlela yokusungulwa kweBhodi Elisha kowezi-2009/10. Ingxenye yalokhu ifaka nokuba nokhetho kumalungu omgcinimafa wabaholi mpesheni ukukhetha labo abafuna bakhethwe.

Ngingasho ngokuzigqaja ukuthi iBhodi elizongena lizothatha iSikhwama esinemali ezwakalayo, esiphethwe ngendlela nesengamele amapholisi okutshalwa kwezimali.

Mnu Martin Kuscus
uSihlalo weBhodi labaGcinimafa kuze kube ziyi-19 kuNhlangulana kowezi-2009

USihlalo weBhodi osanda kukhethwa

Ziyi-19 kuNhlangulana kowezi-2009, isikhathi sokusebenza esiyiminyaka emine seBhodi labaGcinimafa leGEPF saphela, kwase kuthi zingama-22 kuMandulo kowezi-2009, uNgqongqoshe wezeZimali wagcoba iBhodi Elisha. USihlalo omusha, uMnu Arthur Moloto wathi "Ngikhulumela amanye amalungu eBhodi, ngidlulisa ukubonga kulabo abasanduleleyo ngokuqapha ngelokhozi iSikhwama nemiklamo yabo eminyakeni emine yokusebenza kwabo nokubeka iGEPF endleleni eya ekubeni yisikhwama esiyicabanswani ezikhwameni zezimpesheni emazweni omhlaba".

Ukuzibophezela kweSikhulu esiphezulu ukunikeza imisebenzi eyiyo kumaklayenti

Ukuzibophezela kwethu ukufinyelela ekwanelisekeni kwamaklayenti ngokuhlinzekwa kwemisebenzi ephuculiwe kwakuyiyona ngqikithi ye-GEPF kowezi-2008/09. Kwakuwumgomo wegolide obubusa emisebenzini yethu, kusukela ekuqoqweni kwemali ekhokhwayo kuya ekukhokhweni kwezinzuzo nokuhlanganyela namaklayenti.

Sekukonke, sesiqoqe u-R30, 4 billion wemali efakwe amalungu kanye nabaqashi onyakeni, saphinde sakhokha izinzuzo ezingu-R28, 6 billion. Imali ekhokhwa nyangazonke yempesheni eyingxenye enkulu yezinzuzo ezikhokhiwe, engu-59, 5%, okulandelwa ukuhoxiswa kwezinzuzo, izinzuzo zokufa nemali ekhokhelwa abayeka umsebenzi.

Enye yezinselelo ezinkulu kakhulu wukukhokha ngesikhathi kwezicelo zokukhokhela izinzuzo.Nakuba sesibe nenqubekela phambili ebonakalayo, siding ukusebenza ngokuzinikela onyakeni ozayo wezimali ukuqinisekisa ukuthi sikhokhela izicelo zokukhokhelwa inzuzo ngesikhathi esibekiwe ukugwema ukukhokha inzalo nokuqinisekisa ukuthi amalungu ethu awabi nankinga emphakathini nangokwezimali.

Singene ebudlelwaneni neminyango yabaqashi ukuqinisekisa ukuthi esikhathini esizayo ukuze sikwazi ukubambisana ukukhokha izinzuzo ezifakelwe izicelo ngesikhathi.

Kowezi-2008/09, senze imizamo enqala ukusondeza imisebenzi kumaklayenti ethu ngokunyusa uhlelo lwe-GEPF ezifundazweni ezine kuya kweziyisishiyagalombili.

Ukuxhumana namalungu ethu, sethule izinhlelo zokufinyelela kubantu njengama-roadshows. I-roadshow yethu yokuqala yabanjelwa eSoshanguve eduze nasePitoli ngoNdasa kowezi-2009. Saphinde saba yingxenye yombukiso onjenge-Pretoria Show, ngokuhlanganyela neziteshi zemisakazo yemiphakathi ngochungechunge lwezinhlelo ezenziwa bukhoma amalungu kanye nabahola impesheni.

Ukuze kuzuze abaqashi, sigunyaze abeluleki abazinikele ngemisebenzi yamaklayenti eminyangweni kahulumeni lapho kunesidingo esikhulu sokuphathwa kwezimpesheni, kanti abantu abangabaxhumanisi namaklayenti bazovakasha njalo kweminye iminyango.

Kwabahola impesheni, sethule uhlelo lwama-sms okuxhumana ngezindaba zezitifiketi zempilo.

Kwesinye isinyathelo sokuletha imisebenzi, siqalise ukusebenza kohlelo olusha ukuphucula ikhwalithi yedatha esinayo yamaklayenti ethu. Lolu hlelo lubhekeke ukuba lulungise izinkinga eziningi ezikhona njengamanje zekhwalithi engeyinhle noma ulwazi oseluphelelwe yisikhathi, okungadala ukubambezeleka noma amaphutha ekusebenzeni izicelo nasekukhokheni izimali.
I-GEPF iqede unyaka kahle, ilungele futhi ithole inhloso iyokuba yisikhwama esiphezulu sempesheni, esiletha imisebenzi eyiyo nokwazi.

Mnu Phenias Tjie
Isikhulu esiphezulu

Sikwethulela uMsebenzi oMkhulu neqembu lakhe

Mhla lu-1 kuNhlangulana kowezi-2008, iBhodi labaGcinimafa lakhetha uMsebenzi oMkhulu weSikhwama, uMaemili Ramataboe, kanye neNhloko: yokuTshalwa kwezimali nokusebenza kwamabhizinisi, uJohn Oliphant, iNhloko: yezeMithetho nokuHambisana nayo, uJoelene Moodley, kanye neNhloko: uNobhala oMkhulu weBhodi labaGcinimafa, u-Adri van Niekerk. Leli qembu lisiza iBhodi ekuhlangabezaneni nezibopho zokwengamela kanjalo nokuphathwa komthetho ngokuhlale libhekelele amalungu kanye nabahola impesheni ngaso sonke isikhathi. Kwincwajana elandelayo siyonazisa kabanzi ngoMsebenzi oMkhulu nokusemahlombe akhe.

Amalungu amasha eBhodi ahlala kwi-GEPF

Zingama-22 kuMandulo kowezi-2009, uNgqongqoshe wezeZimali wagcoba iBhodi elisha labaGcinimafa le-GEPF, abaminyaka emine abazoyisebenza iyophela ngoMandulo kowezi-2013.

Ngokuhambisana nomthetho we-Government Employees Pension Law, ibhodi linabaGcinimafa abayi-16, abaholwa nguSihlalo kanye neSekela likaSihlalo.

Lowo nalowo mgcinimafa ukhethele ukungamela, ukuqinisekisa ukuthi bonke abantu bamelwe ngazo zonke izikhathi. Abagcinimafa abakwiBhodi abagcotshwa ngomandulo kowezi-2009 kwakuyilaba:

Okhethwe wumqashi	
Igama	**Igama**
Umgcinimafa	**Omele umgcinimafa**
Nk M Mbina-Mthembu	Nk R Rashikhinya
Mnu K Govender	Nk V Vumendlini
Mnu A Moloto	Nk VM Rennie
Mnu S Padayachee	Nk G Modise

Dkt ML Ledwaba	Mnu J D Griesel
Nk M Moses	Mnu Z J Sithole
Nk C Khuzwayo	Mnu E Masilela
Nk F Petersen	Mnu J Andrew
Okhethwe abasebenzi	
Igama	**Igama**
Umgcinimafa	**Omele umgcinimafa**
Mnu P Badal	Nk P Mogotsi
Mnu S Tshabalala	Mnu T Ntola
Mnu H Murray	Mnu S Mataitsane
Brigadier General A L de Wit	Nk II Mahlwele
Mnu RED Williams	Mnu MP Sello
Mnu M Kwinika	Mnu J Matam
Mnu P Mngconkola	Mnu D Bout
Dkt Frans le Roux	Mnu H Koekemoer

Abahola impesheni abamelwe kwiBhodi labaGcinimafa

Zonke izinqumo ezisemqoka ngezindaba zezimpesheni ze-GEPF zibhekwa yiBhodi labaGcinimafa, elinamalungu ayi-16. Ayisishiyagalombili kula malungu amela uhulumeni njengomqashi kanti ayisishiyagalombili amele amalungu e-GEPF kanye nabahola impesheni.

Kubagcinimafa abayisishiyagalombili, abayisithupha kubo bakhethwe abamele izindaba zabasebenzi kwi-Public Service Coordinating Bargaining Council. Abanye ababili bangamalungu empesheni kanjalo nelungu lemisebenzi efanayo, bobabili abakhethwayo. Umgcinimafa wabahola impesheni ukhethwa yiBhodi leGEPF ngevoti labahola impesheni eliposwayo.

Umgcinimafa wezimpesheni kwiBhodi entsha nguDkt Frans le Roux. Omele njengomgcinimafa, noyokwethamela imihlangano uDkt le Roux angeke akwazi ukuyethamela nguMnu Hennie Koekemoer. Bobabili bakhethwa ngabanye abahola impesheni okhethweni olwenzeka ngoMbasa noNhlaba kowezi-2009.

IBhodi linesibopho lokuvikela izinto ezibalulekile kuwe

Ezindabeni ze-GEPN eziphume esikhathini esiphambili, sithembise ukukutshela kabanzi ukuthi iBhodi labaGcinimafa e-GEPF lenzani. Kafushane nje, iBhodi linesibopho sokuvikela izinto ezibalulekile kumalungu eGEPF kanjalo nakwabahola impesheni.

Ibhodi lenza lokhu ngokuqinisekisa ukuthi i-GEPF ilawulwa ngendlela nangokuyikho, ngokuhambisana nemithetho nemitheshwana ye-Government Employees Pension (GEP) Law.

Eminye imisebenzi ebalulekile yeBhodi labaGcinimafa uku:

- Qinisekisa ukuthi ukulawulwa kwemisindo kuyenziwa ukuvikela izimpahla zamalungu kanye nabahola impesheni.
- Xhumana namalungu kanjalo nabahola impesheni ngamalungelo abo empesheni, izinzuzo nemisebenzi.
- Gcina onke amarekhodi ezimali ezitholwe zaphinde zasetshenziswa yi-GEPF, ukuqinisekisa ukuthi izitatimende zezimali zonyaka zicutshungulwa ngendlela, nokubika kanye ngonyaka ePhalamende ngokusebenza kwe-GEPF ngezimali nokuphatha.
- Qalisa ipholisi yokutshala imali ye-GEPF nokugada indlela izimali ze-GEPF ezitshalwe ngayo.
- Khetha abasebenzi abakulungele ukuphatha izimali ezitshaliwe ze-GEPF nokuphatha izimpesheni nezinye izinzuzo.
- Khetha umgcinimabhuku ozocubungula ngeSikhwama aqinisekise ukuthi ukuhlola kwenziwa okungenani njalo eminyakeni emithathu.
- Nquma emiholweni kanjalo nezimo okusetshenzwa ngaphansi kwazo kwabo bonke abaqashwe yi-GEPF.

Ama-roadshows eGEPF afike kahle emadlebeni abahola impesheni

Kusukela kuma-roadshows okuqala ayese-Soshanguve e-Gauteng ngoNdasa kowezi-2009, i-GEPF yaba nama-roadshows amane ezweni lonke. Kuze kube namuhla, i-GEPF isifake amalungu nabahola impesheni eMafikeng esifundazweni saseNyakatho Ntshonalanga, ePolokwane eMpumalanga, eGaleshewe eNyakatho Kapa naseBotshabelo eFreyistata.

Ukubheka ngendlela amalungu atheleka ngayo, ama-roadshows akhombisa ukuthi anosizo ekubhekeni imibuzo yabahola impesheni ngokubahlinzeka ngolwazi jikelele ngeSikhwama.

Ama-roadshows azoqhubeka abanjwe kuyo yonke iNingizimu Afrikha ngonyaka ozayo kanti abahola impesheni bazokwaziswa kusenesikhathi ukuthi i-GEPF iyobavakashela nini endaweni yabo.

Sithanda ukubonga bonike abahola impesheni abethamele ama-roadshows ethu kuze kube yimanje.

I-fraud hotline isiyasebenza

I-GEPF isiyethule inombolo ye-hotline lapho abahola impesheni, namalungu omphakathi bengayisebenzisa ukubika noma yiluphi uhlobo lokukhwatshaniswa kwempesheni, inkohlakalo noma ukungaziphathi ngendlela. Izingcingo eziya kwi-hotline zimahhala kanti abashayayo akumele basho amagama abo uma bebika icala.

Inombolo ye-hotline ithi **0800 43 43 73 (0800 43 GEPF**) kanti izingcingo ziphendulwa amahora angama-24 ngelanga.

Zonke izingcingo ziphathwa ngobumfihlo kanti abashayayo abadalulwa uma bekhetha lokho. Ukuze abashayi zingcingo bakhululeke uma bebika inkohlakalo, i-GEPF isiqoke ifemu yabacubunguli mabhuku yakwa-KPMG ukuthi yengamele i-fraud hotline ngokuzimele. I-hotline isetshenzelwa endaweni ephephile kanti abasebenzi bezingcingo baqeqeshiwe ukuqinisekisa ukuthi abashaya izingcingo bavikelekile.

Ukuxhumana ne-GEPF fraud hotline, uyacelwa ukuba ulandelele lezi zinyathelo ezilandelayo:

1. Shayela ku **0800 43 43 73** okuyinimbolo engakhokhelwa kunoma yiluphi ucingo lakwaTelkom
2. Ngeke kwazeke ukuthi ungubani kodwa uyacelwa ukuba unike osebenza kwi-hotline imininingwane egcwele ngezenzo zenkohlakalo, ukukhwabanisa noma izenzo ezingalungile ozibikayo. Leyo minininingwane ingafaka ukuthi:

    - **Ubani** othintekayo noma owenza ini?
    - **Kwenzekeni**?
    - Yenzeke **kanjani, kangaki**?
    - Senzeka **kuphi**?
    - Sabonakala **nini** isehlakalo?
    - **Umthamo** othintekayo – isamba semali.
3. Uyonikwa inombolo eyinkomba. Gcina le nembolo iyimfihlo njengoba uyoyidinga uma ushaya ucingo (esikhathini esizayo uma ufuna ukunezelela ulwazi embikweni wokuqala) noma ushayela ukuthola ulwazi (esikhathini esizayo ukuzwa ukuthi sekwenzekeni ngowawukufonele).

Ungaphinde uthumele ngefeksi imininingwane eyimfihlo kulayini wefeksi oyimfihlo nawo owenganyelwe abakwa-KPMG). Uma ufuna ukusebenzisa lolu hlelo, uyacelwa ukuba ufake imininingwane eminingi ngokufanele, lokho kufaka nombiko nge-GEPF.

Amafeksi angathunyelwa kule nombolo **0800 200 796**

Imininingwane ingathunyelwa ngaphandle kokukhokha kuleli kheli elilandelayo:

KPMG Hotpost, BNT371, P.O.BOX 14671, Sinoville, 0129

Ulwazi lungaphinde luthunyelwe nge-imeyili engadaluliwe kuleli kheli elilandelayo: ethicsline@kpmg.co.za

I-GEPF iyakukhuthaza ukuba usebenzise inombolo engakhokhelwa ukubika noma yiziphi izehlakalo zenkohlakalo, ukukhwabanisa noma ukungaziphathi ngendlela. Ungasongi izandla ubukele kucekelwa phansi izinto esilwela ukuba zime.

SIZA I-GEPF UKULWISANA NENKOHLAKALO, NOKUKHWABANISA NOKUNGAZIPHATHI NGENDLELA.

Uyacelwa ukuba uqaphele ukuthi akukho mibuzo eqondene nempesheni eyophendulwa kwi-Fraud line. Esikhundleni salokho, yonke imibuzo eqondene nempesheni kumele iqondiswe kwi-call centre yakwa-GEPF ethi **0800 117 669** noma ngokuvakashela ihhovisi lakwa-GEPF.

ISIMEMEZELO: i-GEPF ivule amahhovisi amasha eKimberley

Ngokuvula ihhovisi eKimberley eNtshonalanga Kapa, i-GEPF isiziveze kuzo zosishiyagalolunye izifundazwe zaseNingizimu Afrikha. Lokhu kusabalala nezwe lonke kuseqhulwini ngokweSu lobuDlelwano namaKlayenti ekuhambiseni imisebenzi kumaklayenti ukunokubheka wona ukuba eze kithi.

Ihhovisi elise-Kimberley lavulwa lu-1 kuMfumfu kowezi-2009 yisikhulu esiphezulu uMnu Phenias Tjie. Ihhovisi elisha lisezaleni le-Big Hole eyaziwa umhlaba wonke eku- 11 Old Main street eKimberley. Ukuthola amahhovisi esifundazwe e-GEPF kanjalo namahhovisi akwisathelaythi, uyacelwa ukuba uhlole ku 'Ungasithinta kanjani' kuyo le ncwajana.

Ulimi oluncamelayo lubalulekile kithi

Siyabonga kubo bonke abahola impesheni asebazise i-GEPF ngolimi abaluncamelayo.

IGEPF icele lolu lwazi njengengxenye yesicelo sethu kwabahola impesheni ukuba bashintshe imininingwane yabo. Ngenxa yendathane yamafomu esiwatholayo, sisematasatasa sihlola futhi sicubungula izimpendulo kanti sethemba ukuthi sizophothula lokhu kungekudala.

Okwamanje, uzoqhubeka nokuthola incwajana ebhalwe ngesiNgisi kanti bonke abahola impesheni abakhombise ukuthi bangajabulela ezinye izilimi bayokwazi ukufinyelela kweyesibili. Lokhu kuyoba yiphepha elijwayelekile elimhlophe elibhalwe ngokumnyama ngolimi olukhethiwe. Iyobekwa kwiwebhusayithi yethu kanti iyophinde i-imeyilelwe bahola impesheni abacele lokho.

Uma ukuhlanza idatha kanjalo nohlelo lokucubungula seluphothuliwe, siyokwazisa bonke abahola impesheni ngomphumela wokuhlolwa kwezilimi ezikhethiwe. inhloso yalokhu wukuhlola ukuthi sigcina sinohlelo olungambi eqolo lokugaya incwajana.

Uyacelwa ukuba uqhubeke nokuthumela lezo zimpendulo ukuze sikwazi ukushintsha idathabhesi yethu ngokushesha!

Uyacelwa ukuba usithumelele izitifiketi zempilo ngesikhathi

Abahola impesheni abaningi basama kuze kube wumzuzu wokugcina ngaphambi kokuba baposele izitifiketi zabo zempilo kwa-GEPF. Lokhu kuyinkinga ngoba ukufika emva kwesikhathi kwesitifiketi sempilo kungaholela ekutheni kumiswe ukukhokhwa kwemali yempesheni isikhashana. Uyacelwa ukuba usisize ukugwema lokhu ngokuthumela isitifiketi sempilo ngesikhathi, ubheke nokuthi kungenzeka iposi lihambe kancane.

Isitifiketi sempilo sethulwa ukuze i-GEPF iqinisekise ukuba khona kwabahola impesheni. lokhu kubalulekile ngoba, kwesinye isikhathi, ukufa akubikwa ngesikhathi ngabayizihlobo nabaphethe ezamafa. Lokhu kuholela ezimpeshenini ezikhokhwa kungasenasidingo nokuba nzima ukuthi ibuye, okudala ukuba i-GEPF ilahlekelwe. ukwehluleka ukuletha isitifiketi sempilo ngebhadi kuholela ekumisweni kokukhokhwa kwempesheni.

Uma uthumela isitifiketi sempilo, uyacelwa ukuba ukhumbule ukuletha ikhophi engungqo kanjalo nekhophi eqinisekisiwe kamazisi kanye nolwazi oludingekayo. Sibonga bonke abahola impesheni abalethe izitifiketi zabo zempilo ngesikhathi.

Gada ikhadi lakho lokuhola impesheni

Emzamweni wethu wokuletha imisebenzi emihle kubaholi bethu bempesheni, i-GEPF isohlelweni lokukhipha amakhadi okuhola abukeka ngendlela ehlukile. La makhadi okuhola alindeleke ukuba abe eseseposini kusukela ngoMasingana kowezi-2010. Kumele ukhiphe ikhadi lakho lokuhola uma uvakashela amahhovisi e-GEPF, kanti uyokwazi ukusebenzisa ikhadi lakho ukuze uthole izephulelo zabahola impesheni uma kunesidingo.

Abawine umncintiswano bamenyezelwe

Sihalalisela abawine umncintiswano we-Good Quality Client Information. Umncintiswano wawenziwe njengengxenye yesikhalo sakwa-GEPF kwabahola impesheni ukuba bagcwalise baphinde babuyise iFomu lokuqoqa ulwazi elakhishwa ngasekuqaleni kwalo nyaka. Impendulo evela kwabahola impesheni yayimangalisa, kanti izosisiza ukuba siphucule ikhwalithi yolwazi esinalo ngamaklayenti ethu. Ulwazi oluyilo ngamaklayenti ethu lubalulekile ngoba lwehlisa ukulibaziseka namaphutha ekukhokheni izinzuzo.

Umncintiswano waqala ngoNcwaba kuya kuZibandlela kowezi-2009. Abawinile bangakhetha eziphweni ezintathu, okuyi-digital camera, umakhalekhukhwini noma igilosa.

Abawine ngenyanga kaNtulikazi kowezi-2009:

- Vivian Kolokolo, Molaoa Mokhele, Marry Motebele, Sylvia De Vries, Freddie Vaax, Puoetsile Lobese, Hendrik Burger kanye no Caroline Msomi.

Abawine ngenyanga kaNcwaba kowezi-2009:

- Vuyani Kali, Deliwe Dlamini, Ockert Brits, Mamogoane Mosoane, Makupa Sehlako, Tomeletso Mase, Matlhodi itumeleng, Isabelle Tupper kanye no Thekla Marcus.

I-GEPF isazomemezela abawine ngoMandulo, uMfumfu, uLwezi ekugcineni kube wuZibandlela. Laba abawinile abangenhla sebethintiwe.

Khumbula ukushintsha imininingwane yokuxhumana nawe

Ungaxhumana kanjani nathi

ISIFUNDAZWE SASE-GAUTENG

GEPF HEAD OFFICE

Ifeksi: (012) 326 2507

GEPF Private Bag X63

Pretoria, 0001

34 Hamilton Street

Arcadia, Pretoria

(IHHOVISI LESATHELAYITHI EGOLI)

2ND Suite, 2nd Floor

Lunga House

124 Marshall Street/ c/o Eloff

Gandhi Square Precinct

Marshalltown

ISIFUNDAZWE SASEMPUMALANGA (e-Nelspruit)

32 Bell Street,

Caltex Building

(Ground Floor)

Nelspruit

ISIFUNDAZWE SASELIMPOPO (e-Polokwane)

87(a) Bok Street,

Polokwane

ISIFUNDAZWE SASENYAKATHO NTSHONALANGA (E-MAFIKENG)

Office No 4/17

Mega City

Mmabatho,

EMPUMALANGA KAPA (BISHO)

Shop No. 12

Global Life House,

Circular Drive, Bisho

(IHHOVISI LESATHELAYITHI MTHATHA)

Room 54, 8th floor

PRD Building Sutherland Street

Mthatha

(E-PORT ELIZABETH)

Ground Floor Kwantu Towers

Market Square

Port Elizabeth

ISIFUNDAZWE SASENTSHONALANGA KAPA (EKAPA)

No 1 Thibault Square

21st Floor, Cape Town

FREE STATE PROVINCE (E-BLOEMFONTEIN)

No 2 President Brand Street

Bloemfontein

ISIFUNDAZWE SAKWA-ZULU NATAL (EMGUNGUNDLOVU)

Brasfort House

3rd floor

262 Langalibalele Street,

Pietermaritzburg

(IHHOVISI LESATHILAYITHI ETHEKWINI)

Salman Grove

8th Floor

407 Smith Street

Durban

ISIFUNDAZWE SASENYAKATHO KAPA

(E-KIMBERLEY)

11 Old Main Street

Kimberley

INOMBOLO YE-CALL CENTRE YAKWA-GEPF: Inombolo yethu yase-call centre ingu- 0800 117 669 isebenza kuwo wonke amahhovisi

Ukuzihlangula

Ulwazi oluhlinzekwe kule ncwadi luvikelwe yi-intellectual property laws kanti ngeke lukopishwe, lusatshalaliswe noma luguqulwe ngenhloso yokuzicebisa. Nakuba kuzanywe ngandlela zonke ukuqinisekisa ukuthi ulwazi olulapha lube ngolwamanje, olungachemile noluyilo, lokho ngeke kwafungelwa. Ukusetshenziswa kwalolu lwazi ngayinoma yimuphi umuntu oseceleni kusemahlombe akhe ngokuka-2002. I-GEPF ayimeli, ayiphakamisi noma ihlongoze ngokusobala noma ngokulayela ukuthi imikhiqizo noma imisebenzi okukhulunywa ngayo lapha ukuthi ilungele izidingo ezithile zomuntu oseceleni. I-GEPF ayamukeli noma yiliphi icala elingadalwa wukulahlekelwa, amademesha, izindleko kanye nemali okumele ikhokhwe ngokuqondile noma okungaqondile okungumphumela wephutha noma wokunganaki okunye okulapha.